

# UKUHLOLA OKUZENZEKELAYO

## Auto Assessment (Uhloolo oluzenzekelayo) – sikuthumelela thina amaphepha akho entela

### Yini Entsha?

- 28 kuNcwaba 2020 - u-SARS uzoshayela abakhokhintela ucingo ngenhoso yokubalekelela ngamaphepha abo entela

Nalu olunye ulwazi ngokuthi kuzoshayelwa abakhokhintela abanjani ucingo futhi uyokwazi kanjani ukuthi akuwona umkhonyovu.

Ngenyanga kaNcwaba, sizohlola abakhokhintela abaningi ngoylelo lohlolo oluzenzekelayo. Uma uwemukela umphumela wokuhlola, asikho isidingo sokuthi ugcwalise amaphepha entela ngoba sizobesesikwenzelile thina lokho.

Uma ungene ohlelweni lokuhlola oluzenzekelayo, uzokwaziswa nge-SMS kuNcwaba – ngakho-ke sobe singekho isidingo sokuthi usishayele ucingo noma uvakashele egatsheni lethu. I-SMS leyo izokuyisa ngqo ku-eFiling noma ku-SARS MobiApp ukule wamukele noma wenze izilungiso kumaphepha akho entela "Accept" noma "Edit".

Abanye abakhokhintela bangase bathole imbalelwano ngaphambili komhla lu-1 kuNcwaba 2020 echaza ngokuthi kungani bengeke bangene ohlelweni lokuhlola oluzenzekelayo, noma ebazisa ngomphumela wamaphepha abo entela abawathumela ngonyaka wezi-2019. Lokhu kuzobasiza bathumele amaphepha abo entela asilele. Sicela ukuthi uwuthobele lowo myalezo bese uthumela namaphi amaphepha okubuya intela asilele ngokukhulu ukushesha, ukugwema ukubambezeleka uma usuthumela amaphepha akho entela onyaka wezi-2020, kanye nokwenza lokhu kungabi nazihibe kulo nyaka.

Uma ungakayibhaliseli i-eFiling noma ufisa ukudawuniloda i-SARS MobiApp, buka amavidiyo awusizo afundisayo ku-SARS YouTube channel njengevidiyo mayelana nokuthi 'How to register for eFiling' noma emayelana nokuthi 'How to register on the SARS MobiApp'.

Uma uthole i-SMS evela kwa-SARS, buka izinyathelo ezilula kumavidiyo ethu azokutshela ngendlela yokwenza lokhu:

- [Bheka uhloolo oluzenzekelayo ku-eFiling](#)
- [Bheka uhloolo oluzenzekelayo ku-MobiApp](#)

Uhlelo lokuhlola okuzenzekelayo silwenza ngokubheka imininingo esiyithola kubaqashi, izikhungo zezimali, izinhlelo zokwelapha, kubasingathi bezikhwama zomhlalaphansi kanye nakwabanye abahlizeka ngemininingo egameni lakho.

Uma uyamukela imiphumela yokuhlola okuzenzekelayo futhi kukhona izimali ezibuyayo okumele uzithole, abakwa-SARS bazokukhkhela leyo mali.

Uma ukweleta u-SARS imali, ungakhokha usebenzisa e-Filing, nge-inthanethi ku-EFT noma ngokusebenzisa i-SARS MobiApp ngezinsuku ezibekiwe ezingumnqamulajuqu eSazisweni sakho sokuHlola. Bheka ikhasi lethu kusizindalwazi mayelana [nesikhathi sokuBuyisa amaphepha eNtelasowezi-2020](#) ukuze uthole ulwazi olwengeziwe.

### Bheka imibuzomvama ngezansi ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa:

### Yini Entsha?

- 26 kuNcwaba 2020 - Imibuzo nezimpendulo nombolo 24, 25 no-26 zengeziwe ngezansi. Abakhokhintela baphambanisa amakhodi ephutha namakhodi omthombo. Izimpendulo zihlose ukuchaza ngongakwenza uma kuvela ikhodi yokuthi wenze iphutha.

Inombolo	Umbuzo neMpendulo
1	Umbuzo - Ngithole le-SMS evela kwa-SARS, kumele ngenzenjani? SMS: Tax Ref: *****9201. Your 2020 Year of Assessment tax calculated results is -R0.89, based on the information at SARS disposal. You can accept or edit your return through the SARS digital channels. Failure to do

	<p>so may result in SARS raising an estimate assessment. For more info, visit the SARS website on <a href="https://www.sars.gov.za/TaxTypes/PIT/Tax-Season/Pages/How-does-the-Tax-Calculation-work.aspx">https://www.sars.gov.za/TaxTypes/PIT/Tax-Season/Pages/How-does-the-Tax-Calculation-work.aspx</a></p> <p><b>Impendulo -</b> Yiya ku-www.sars.gov.za, cofa ku-“eFiling login” bese ulandela izinyathelo eziLula ngezansi ukuze wamukele noma ulungise ukuhlola okuzenzekelayo kwakho.</p>
2	<p><b>Umbuzo -</b> Emva kokuthola i-SMS yohlolo oluzenzekelayo evela kwa-SARS, uma ngingena ku-eFiling, yini okumele ngiyenze?</p> <p><b>Impendulo -</b> Cofa ngakwesobunxele kumenyu ku-“Return Issued”, bese ucofa ku-“Personal Income Tax (ITR12)”, bese kuthi phezulu ngasokwesokudla, ucofe ku-“Request Return” yonyaka wezi-2020. Kuzovela umyalezo okwazisa ngemiphumela yokuhlola okuzenzekelayo. Cofa ku-“Continue” ukuze ubone imiphumela kanye nemininingo efingqiwe esetshenziselwe ukwenza uhlolo oluzenzekelayo.</p>
3	<p><b>Umbuzo -</b> Esikrinini sami sohlolo oluzenzekelayo, kukhona ikhodi yomthombo ethi 4029 enencazelo ethi Isikhwama somHlalaphansi i-Retirement Fund. Anginaso isiKhwama soMhlalaphansi, kungani sivel pho?</p> <p><b>Impendulo -</b> Ikhodi yomthombo ethi 4029 enencazelo ethi-Retirement Fund ibheka iminikelo (okungaba Isikhwama soMhlalaphansi/Isikhwama seMpesheni/nesiKhwama sokuHlinzekela). Ngakho-ke, uma unesikhwama seMpesheni, kodwa ungenaso isiKhwama somhlalaphansi, yiyo ikhodi efanele leyo.</p>
4	<p><b>Umbuzo -</b> Ku-IRP5 iminikelo yami yempesheni iveza R375 000, kodwa kuhlolo oluzenzekelayo iveza R350 000. Kungani kunomehluko emananini?</p> <p><b>Impendulo -</b> Iminikelo yesiKhwama soMhlalaphansi ibekelwe umkhawulo wenani elingu-R350 000, ngakho-ke noma ngabe iminikelo yakho ibe ngaphezulu, ohlolweni oluzenzekelayo izohlala iku-R350 000.</p>
5	<p><b>Umbuzo -</b> Angikuboni ukubanjelwa kwami kohlelo lwezokwelapha kuhlolo oluzenzekelayo?</p> <p><b>Impendulo -</b> Iminikelo yohlelo lwezokwelapha kanye nezinye izindleko zokwelapha zifakwa ngaphansi kwezaphulelo ngaphansi kwentela ebalive okuyi-Rebate under Tax Calculated.</p>
6	<p><b>Umbuzo -</b> Uma ngivumelana nohlolo oluzenzekelayo, yini okumele ngiyenze?</p> <p><b>Impendulo -</b> Uma uvumelana nemininingwane yokuhlola okuzenzekelayo, cofa ikinobho elithi “Accept”. Kuzovela umyalezo oqinisekisayo, cofa ku-“Confirm” uqedele inqubo yokuhlola okuzenzekelayo. Uma wemukela imiphumela ephakanyisiwe yohlelo oluzenzekelayo, abakwa-SARS bazokuthumelela bona egameni lakho amaphepha entela bese behkipha isaziso sokuhlowa (ITA34). Ukuze ukwazi ukuthola i-ITA34, cofa kuthebhlu ethi “View Assessment” kumenyu ye-eFiling.</p>
7	<p><b>Umbuzo -</b> Uma ngingavumelani nemiphumela yohlolo oluzenzekelayo noma nolwazi olusetshenziswe abakwa-SARS?</p> <p><b>Impendulo -</b> Cofa ikinobho elithi “Edit Return” ukuze uchibiyele amaphepha akho entela. Abakwa-SARS bazokunkira amaphepha entela asefakiwe imininingwane ozokwazi ukuyilungisa bese uyathumela. Uma usuwenelisekile ngolwazi oludaluliwe, cofa ikinobho elithi “Submit”. U-SARS uzobheka amaphepha lawo bese ekhipha iSaziso sokuHlola.</p>
8	<p><b>Umbuzo -</b> Uma ngilungisa imininingwane yami yasebhange ku-eFiling, kuthatha isikhathi esingakanani ukuthi kuvele ukuthi ilungisiwe, futhi kuthatha isikhathi esingakanani ngaphambi kokuthi imali engibuyelayo ikhokhwe uma ikhona?</p> <p><b>Impendulo -</b> Uma wonke amadokhumenti asekelayo adingekayo enele futhi isicelo sidlulile esigabenii sokuqinisekiswa esikwenza nebhang kumele kulungiseke ngaleso sikhathi. Bheka imibuzomvama mayelana nemali ebuyayo ngezansi.</p>
9	<p><b>Umbuzo -</b> Kuzothatha isikhathi esingakanani ukuthi ngithole imali yami ebuyayo uma kuvele ukuthi kukhona imali okumele ngiyithole (uphawu lokususa eduze kwenani) emva kokuthi ngikwamuкеle ukuhlola?</p> <p><b>Impendulo -</b> Kubakhokhintelab anangi kuba yizinsuku ezintathu zokusebenza (amahora angama-72 okusebenza).</p>
10	<p><b>Umbuzo -</b> Angiyitholanga SMS yohlolo oluzenzekelayo kodwa ngiyabona ukuthi amaphepha ami entela akhona ku-eFiling noma kumele ngilinde umhla lu-1 kuMandulo?</p> <p><b>Impendulo -</b> Ungawabuyisa manje amaphepha akho entela, asikho isidingo sokulinda umhla lu-1 kuMandulo. Bheka ikhasi lethu kusizindalwazi mayelana <a href="#">nesiKhathi sokuBuyisa amaphepha eNtelasowezi-2020</a> ukuze uthole izinsuku ezingumqamulajuqu.</p>
11	<p><b>Umbuzo -</b> Yisiphi isikhathi esibekiwe sokwemukela uhlolo oluzenzekelayo?</p> <p><b>Impendulo -</b> Unesikhathi kuze kufike umhla ziyi-16 kuLwezi 2020 ukwemukela uhlolo oluzenzekelayo. Ukuhlola okucatshangeliwayo kuzokhishwa emva komhla zingama-29 kuMasingana 2021.</p>

12	<b>Umbuzo</b> - Kungani amanani phakathi ku-SMS naku-SIM01 engafani?
	<b>Impendulo</b> - Amanani aku-SMS ayencike kumininingo esiyinikwe umuntu wesithathu eyayikhona ngaleso sikhathi sifaka imininingwane emaphhepheni okubuyisa intela. Ngakho-ke, abakhokhintela kumele babheke amaphepha abo entela benze izilungiso uma kunesidingo. Kumele baqinisekise ukuthi lonke ulwazi olufakiwe luyiqiniso bese bengeza nganoma yiluphi ulwazi olungase ludingeke. Ulwazi olwengeziwe kuzodingeka ukuthi lufakwe njengamadokumenti esekelayo.
13	<b>Umbuzo</b> - Ngithole lo myalezo othi kunephutha emva kokulungisa uhlolo oluzenzekelayo?
	<b>Impendulo</b> - Umyalezo okhombisa iphutha othi Error message: 'Filing confirmation - Your ITR12 could not be processed. Please consult with a SARS officer.' Lo myalezo ungavela ku-app ye iPad lapho umkhokhintela esequalile ukulungisa amaphepha akhe entela komunye umgudu okungaba yi-eFiling noma yi-MobiApp noma uma uhlolo oluzenzekelayo luchithiwe ku-iPad. Uma uthola lo myalelo wephutha, shayela le nombolo 0800 00 7277 noma ubeke usuku lokuyobona i-ejenti egatsheni.
14	<b>Umbuzo</b> - Usho ukuthini lo myalezo othi kunephutha? 'We could not display your calculation. 4482 – IRP5 L/S AMOUNT MISSING.'
	<b>Impendulo</b> - Lolu daba lwalungiswa, sicela ubuye uzame futhi.
15	<b>Umbuzo</b> - Ngithole i-SMS evela kwa-SARS enenani elinophawu lokususa eduze kwalo, ngabe lokhu kusho ukuthi ngikweleta u-SARS imali?
	<b>Impendulo</b> - Cha, inani elinophawu lokususa eduze kwalo lukhombisa ukuthi kunemali ezoza kuwe.
16	<b>Umbuzo</b> - Kwenzekani uma NGINGAyitholi i-SMS?
	<b>Impendulo</b> - Abakhokhintela bangabuya amaphepha abo entela manje. Abakhokhintela ababuya amaphepha abo entela nge-inthanethi besebenzisa i-eFiling noma i-SARS MobiApp kumele babuyise amaphepha abo entela mhla noma ngaphambi komhla ziyi-16 kuLwezi 2020. Abakhokhintela abangakwazi ukuthumela amaphepha abo nge-elektronikhki bangakwazi ukuya emagatsheni akhetekile kusukela mhla lu-1 kuMandulo kuya kumhla zingama-22 kuMfumfu <a href="#">ngokubeka usuku lokuvakashela khona kuphela</a> .
17	<b>Umbuzo</b> - Ngingakwazi ukuvele ngiye nje egatsheni?
	<b>Impendulo</b> - Ukungena nje egatsheni ngaphandle kokubeka usuku akuvumelekile. Ungakwazi <a href="#">ukuthola usizo lwethu lwedijithali</a> noma ngokuthi <a href="#">ubeke usuku lokuvakashela egatsheni</a> .
18	<b>Umbuzo</b> - Uphawu lokususa olubhalwe ngaphambi kwenani lentela (-Rxx) lusho ukuthini?
	<b>Impendulo</b> - Umphumela wohlolo oluzenzekelayo lufika nge-SMS njengemali lapho u-SARS ekukweleta (- R 1.00) noma njengenanani eliyisikweletu (R 1.00) uma kunguwe okweleta u-SARS.
19	<b>Umbuzo</b> - Angikwazi ukuxhumana ne-SARS contact centre?
	<b>Impendulo</b> - Usizo lwethu oluningi luyatholakala ku-inthanethi ngokusebenzisa i-eFiling noma i-MobiApp, ngakho-ke asikho isidindo sokuthi usishayele uringo. Uma kupoqa ukuba usishayele uringo zibe izingcingo zethu zimataswa, sicela ucofe ku-“call back” ucele ukuba sikushayele thina ukuze ungabambi isikhathi eside.
20	<b>Umbuzo</b> - Alikho ikinobho elithi “Accept”
	<b>Impendulo</b> - Uma uthole i-SMS evela kwa-SARS, buka izinyathelo eziula kumavidiyo ethu azokutshela ngendlela yokubheka uhlolo oluzenzekelayo ku-eFiling noma ku-MobiApp.
21	<b>Umbuzo</b> - Kwenzekani uma ungakwemukeli ukuhlola okuzenzekelayo okuphakanyisiwe?
	<b>Impendulo</b> - Ungakhetha ukulungisa noma uhlizzeke ngolwazi lwakamuva ngaphambi kokuba uthumele.
22	<b>Umbuzo</b> - Ngidinga inombolo yami yentela?
	<b>Impendulo</b> - Ungacela inombolo yakho yentela kwa-SARS ngezindlela eziningi. <a href="#">Bheka lonke ulwazi ngokuthi ungavicela kanjani inombolonkomba yakho yentela</a> .
23	<b>Umbuzo</b> - Ithatha isikhathi esingakanani inqubo yokuqinisekisa?
	<b>Impendulo</b> - Ezikhathini eziningi inqubo yokuqinisekisa kumele iphotulwe ezinsukwini ezingama-21 zokusebenza kusukela ngosoku okutholwe ngalo wonke amadokumenti esekelayo.
24	<b>Umbuzo</b> - Uma ngizama ukuthumela/ukubala i-ITR12 yami ngithola umyalezo onekhodi yephutha (0020; 0021; 0022; 0023; 0024; 0025; 4478; 4479; 4480; 4481; 4482; 4483) othi amaphepha ami awemukeleki. Kusho ukuthini lokhu?
	<b>Impendulo</b> - Uma umkhokhintela ethumela amaphepha entela ebe umkhokhintela ethole imali eyisamba kulowo nyaka, uhlelo lungase luwachithe lawo maphepha ngenxa yezizathu ezahlukile okungaba kungenxa yowlazi olungaqondani noma olungahambisan phakathi kwe-IRP5 edalulwe umkhokhintela kanye nomyalelo wentela.

	<p>Bheka ikhodi oyinikiwe kanye nencazelo ehambisana nayo. Ikhodi yokuqala izobuyiswa uma uthumela amaphepha akho entela, ikhodi ekubakaki izobuyiswa uma kucelwe ukuba kubalwe intela.</p> <ol style="list-style-type: none"> <li>1. <b>0020 (4478) - IRP5 Tax Directive No. invalid</b> Please note that SARS will not process this return. The Tax Directive number captured on the return is incorrect/invalid. Please contact the Fund administrator/Employer to rectify the error and submit the rectified return.</li> <li>2. <b>0021 (4479) - IRP5 L/S accrual date invalid</b> Please note that SARS will not process the return. The accrual date on the IRP5 does not correspond to the accrual date on the Tax Directive available to SARS. Contact the Fund administrator/Employer to rectify the error and submit the rectified return.</li> <li>3. <b>0022 (4480) - IRP5 L/S source code invalid</b> Please note that SARS will not process the return. The Lump Sum source code on the IRP5 does not correspond to the Tax Directive source code available to SARS. Contact the Fund administrator/Employer to rectify the error and submit the rectified return.</li> <li>4. <b>0023 (4481) - IRP5 Lump Sum amount invalid</b> Please note that SARS will not process the return. The Lump Sum amount on the IRP5 does not correspond to the Tax Directive amount available to SARS. Contact the Fund administrator/Employer to rectify the error and submit the rectified return.</li> <li>5. <b>0024 (4482) - IRP5 received invalid</b> Please note that SARS will not process this return. There is a finalised tax directive processed but no lump sum amount is declared on the return. Please contact the Fund administrator/Employer to rectify the error and submit the rectified return.</li> <li>6. <b>0025 (4483) - IRP5 certificate number missing for Tax Directive</b> Please note that SARS will not process the return. There is a finalised tax directive processed but the IRP5 Certificate number is not declared on the return. Please contact the Fund administrator/Employer to rectify the error and resubmit the rectified return.</li> </ol>
25	<p><b>Umbuzo</b> - Ngenkathi ngithumela i-ITR12 yami kwa-SARS nganikwa amakhodi athi (0020; 0021; 0022; 0023; 0024; 0025) kanye nomyalezo. Ngabe amaphepha ami asefikile kwa-SARS futhi ngingawathumela amadokumenti asekelayo?</p> <p><b>Impendulo</b> - lapho amaphepha entela engamukelwanga, ikhophi yalawo maphepha entela izolondolozwa ku-eFiling/MobiApp ukuze wena ukwazi ukwenza izilungiso emaphepheni akho entela. Ngalokho-ke amaphepha entela avela njengasasilele. Angeke ukwazi ukufaka noma ukuthumela amadokumenti esekelayo ukuze ulungise isimo samaphepha akho entela kanti futhi kumele uxhumane koMsingathi/uMqashi ukuze benze okufanele ukulungisa lokho. Uyokwazi ukuthumela i-ITR12 yakho kuphela uma lokho obekungaqondene sekulungisiwe.</p>
26	<p><b>Umbuzo</b> - Angikwazi ukuthumela i-ITR12 yami ngenxa yokungahambisani okukhona phakathi kwe-IRP5 nomyalelo wentela. Ngingakulungisa kanjani lokhu kungahambisani ukuze ngikwazi ukubuyisa amaphepha ami entela?</p> <p><b>Impendulo</b> - Kuzodingeka ukuthi uxhumane nomsingathi wesikhwama/uMqashi ukuze balungise ngendlela efanele. Uma i-IRP5/umyalelo wentela sekulungisiwe uzokwazi ukubuyisa i-ITR12 yakho. (Khumbula ukucofa ikinobho lokubuyisa kabusha imininingo ukuze ulungise i-IRP5 esivele ifakeliwe imininingwane emaphepheni akho entela.)</p>